



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA,  
UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-  
NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMHLANGANWENTI  
WAKWAMETRORAIL ETHEKWINI NGOLWESIHLANU MHLAKA  
15 JUNE 2007.**

**Ngibanibingelela nonke**

- Inhloso-ngqangi kunoma yiluphi uhlelo lwezokuthutha ngukuhambisa abantu nezimpahla ngesikhathi esifanele, ngendlela engambi eqolo, nangokuphepha ngokusebenzisa izithuthi ezahlukene njengezimoto, izitimela nezindiza.
- Kungumbono nokuphokophela kukahulumeni wethu ukuqinisekisa ukuthi lezi zinhlobo zezithuthi zisebenza ngobambisana nangokulekelelana. Amatekisi namabhasi emgwaqeni kumele asebenzisane nezitimela ngaphansi kwenhloso eyodwa yohambisa abantu lapho beya khona.

- Ukulungiswa kabusha kohlelo lwethu lwezokuthutha eNingizimu Afrika kuphazanyiswa yigebe elikhona eladalwa ngukungalethwa kwengqalasizinda eyanele phambilini kanye nokuhlela kwangesikhathi sobandlululo okwakuvimba intuthuko, kuhlanganisa ukuntuleka kwamakhono kubasebenzi bakahulumeni nasezinkampanini ezizimele imbala.
- Nokho-ke, ngithanda ukuzwakalisa ukujabula kwami ngokuba yingxenye yokubungaza impumelelo esenibe nayo namhlanje. Sihlangene lapha ukuzoqhakambisa impumelelo yenu. Ngithanda ukubongela bonke abasebenzisana noMetrorail ngomsebenzi wabo ekwenzeni lolu suku lube yimpumelelo.
- Lolu wusuku olukhulu hhayi nje kuMetrorail nasebenza nabo kuphela, kodwa naseMnyangweni wezokuThutha nasemphakathini jikelele. Phela njengoNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, nginomthwalo wokubhekela ukuphepha, kuhlanganisa nokuphepha ezitimeleni.
- Ngenyanga yezokuthutha u-October, ngake ngahamba ngesitimela nezinye izikhulu zakwaMetrorail sasuka eMlazi saya eThekwini. Lapha ngakwazi ukuqonda kahle ngezinkinga ezikhathaza inkampani nabagibeli embonini yezitimela.

- Kuyangijabulisa namhlanje ukuthi umbono kahulumeni wokuvuselela ukusetshenziswa kwezitimela esifundazweni sethu ubonakala ufezeka. Namhlanje sekunezitimela ezinhlanu ezingo-10M5 esezilungiswe kabusha kanti futhi nokusasele njengezindlu zangasese nako kuyalungiswa.
- Ukusungulwa kwamaphoyisa kaloliwe nokwakhiwa kwezindawo zokubika eseziqalile ukusebenza, kuzohamba ibanga elide ekunqandeni ubugebengu eziteshini KwaMashu, eReunion, eCavandish, e-Escombe naseThekwini.
- UMetrorail uphinde wasungula nezinkantolo zamacala okungazihloniphi emphakathini aziwa ngo-Section 12. Amaphoyisa akulezi zindawo zokubika ezinhlanu azosiza ngokubopha abaphula umthetho bese beshushiswa khona kulezi zinkantolo.
- Eminye imisebenzi yokuphepha eziteshini yenziwa ngokubambisana ne-SAPS kanti kunobudlelwane obuhle kakhulu nama-Community Policing Forum.
- Kuyajabulisa futhi ukuthi imikhankaso yezokuphepha eqhubekayo eziteshini nasezikoleni, ikakhulu ngamaPhasika

nangoKhisimusi, yenziwa ngokuthi ibeke phambili ukuphepha namalungelo abagibeli.

- Nami uqobo sengike ngafunda izindaba esishaqisayo ngabantu abashayiswa yizitimela, ikakhulukazi labo abahlala ngasemzileni wesitimela.
- Bandla lakwethu, iNdebe yoMhlaba ka-2010 isifikile, uma singenabo ubudlelwane obuhle phakathi kwabanikazi bezithuthi nabagibeli, ngibona sengathi singaba sengozi yokuhluleka ukusingatha kahle izivakashi zethu kule ngqophamlando yomcimbi.
- Kumele nakanjani sikwazi ukubhekana nalezi zinselelo ngaphambi kokuba sizanelise ngokuthi sizokwazi ukuphatha abalandeli abangaphezulu kuka-350 000 abazotholeka lapha bezobuka imidlalo yeNdebe yoMhlaba ka-2010.
- Yingakho-ke nginxusa futhi ngigqogquzela abanikazi bezithuthi, kuhlenganisa nomkhakha wezitimela, ukuba benze umsebenzi wabo ngendlela ezobhekela ukuphepha nokuvikeleka komphakathi futhi baqinisekise ukuthi izimo zokusebenza kwabasebenzi babo zihambisana nomthetho wezabasebenzi ezweni.

- Kafushane nje ekugcineni, ngithanda ukusho ukuthi njengohulumeni sizibophezele ukuqinisekisa ukuthi ingqalasizinda yezokuthuthwa komphakathi nokuthuthwa kawo uqobo kwenzeka ngesikhathi esifanele futhi kwenze ngcono izimpilo zabantu.

**Ngiyabonga**